Nozipho	Sikhakhane	How will this oil and gas exploration affect my community? Our community will be very much affected because there are some women who work as vendors by the beach to support their families. In addition, the sea produces air that need to breathe, now it will be unsafe if they drill wells for the gas.	Ngabe lolu hlelo lokumbiwa kuka oyela ne gas kuzowuthinta kanjani umphakathi wami? Liwuthinta kakhulu umphakathi wakithi ngoba ngakithi kunomama abadayisayo eduze nolwandle ababeka isikho etafuleni ngokusebbenzela olwandle, kanti ulwandle umoya walo iwona esiwusebenzisa kakhulu ngokuphefumula kunobungozi ngeke kuphephe kubhiwa igesi nowoyela	Project activities will take place 60 km offshore, and the drillship will not be visible from the shore. The tourism industry will not be affected by the exploration drilling under normal conditions. It is important to note that the sea does not "produce air" as stated in your comment. The potential effects of air emissions from the drillship is minor and would not directly affect the health of residents due to the distance of the drillship away from the G355 shore.  The main sources of atmospheric emissions will be from the drillship and other vessels (i.e. supply and standby vessels) involved in the drilling operation. Under normal operating conditions, the emissions will not affect breathing quality. The principal expected atmospheric emissions from the drilling activities include carbon dioxide (CO2), methane (CH4), oxides of nitrogen (NOx), sulphur dioxide (SO2), carbon monoxide (CO) and volatile organic compounds (VOC). Many of these compounds are known to have the potential to contribute to a number of environmental processes and impacts including acidification (acid rain), the formation of low level ozone, and local air pollution. The client has committed to the following inbuilt compliance and control measures: • Compliance to MARPOL 73/78 Annex VI regulations regarding the reduction of NOx, SOx and GHG emissions from vessel engines. • All diesel motors and generators will undergo routine inspections and receive adequate maintenance to minimise soot and unburnt diesel released to the atmosphere. • Leak detection and repair programmes will be implemented for valves, flanges, fittings, seals, etc.	Umsebenzi uzokwenziwa ebangeni elingamakhilomitha angu-60 ukusuka ogwini lolwandle, futhi umkhumbi ombayo ngeke ubonakale uma usogwini. Ezokuvakasha ngeke zichaphazeleke ngenxa yokumba kokuhlolwa kwezimbiwa phansi ngaphansi kokusebenza okuvamile. Kubalulekile ukukhumbula ukuthi ulwandle "aluwukhiphi umoya" esiwuphefumulayo njengoba ushilo emazwini akho. Amachaphazelo okukhishwa kwamagesi emkhunjini ombayo mancane kakhulu futhi ngeke ayilimaze nakancane impilo yezakhamuzi ngenxa yebanga oqhele ngalo umkhumbi ombayo ukusuka ku-G355 ogwini.  Okuningi okuzokhishelwa emkhathini njengentuthu kuzobe kuphuma emikhunjini embayo nakweminye imikhumbi esekelayo (i.e. imikhumbi elitha izidingo neminye ebheke isimo esiphakamayoyi) ehileleke ekumbeni. Amagesi azokhishelwe emkhathini alindlelekile ngenxa yomsebenzi wokumba ahlanganisa isikhutha noma i-carbon dioxide (CO2), i-methane (CH4), i-oxides of nitrogen (NOx), i-sulphur dioxide (SO2), i-carbon monoxide (CO) kanye ne-volatile organic compounds (VOC). Okuningi kwalokhu kunedumela lokuthi kunendima okuyidlalayo ezingqubweni zezemvelo futhi amagalelo ako abandakanya imvula ebizwa ngokuthi yi-acid rain, ukulimala kwe-ozone kanye nokungcola komoya endaweni. Ikhasimende lizibophezele ekuhambisaneni nezibopho nezinyathelo zokulawula ezilandelayo: • Ukuthobela iMARPOL 73/78 iSithasiselo VI semithetho ephathelene nokunciphisa i-NOx, i-SOx kanye ne-GHG ekhishelwa emoyeni ikhishwa yizinjini zemikhumbi; • Zonke izinjini zikadizili kanye nama-generator zokuhlolwa njalo futhi kugcinwe kusesimweni esihle ukuze kuncishishwe ukungcola ezikukhiphela emoyeni kanye nomzili ongashanga kahle; • Kuzoba nezinhlelo zokuhlola ukuvuza nokuvulwa kwezindawo ezivuzayo kuma-valve, amajoyinti, izinto ezixhunyiwe, izivalo
Nozipho	Sikhakhane	Do you think that oil and gas exploration will benefit me or my community? Why? I totally disagree with this project because this will limit our means of making a living, we have tourists that come here and bring money to boost the economy by their coming to visit the beach, and where will we sell our things, I really object this.	Ucabanga ukuthi mina noma umphakathi wami uzozuza ngalolu hlelo? Kungani? Ngiyaphikisana naloku ngoba lento izisi naphisela emathubeni emisebenzi ngaloku sinezihambe eziyaka imali ngoku sisengenali sibesezi dayisa kuphi cha angivumi lana	Since Project activities will take place 60km offshore, beach accessibility, tourism and local trade will not be affected under normal operating conditions.  The risk of an oil spill (including crude oil, diesel and Non-aqueous drilling fluid retained on cuttings) into the marine environment is inherent in all offshore oil exploration and appraisal projects. The results of the Oil Spill Modelling Report commissioned as part of the EIA, indicate that no significant (>100 g/m2) shoreline oiling would occur as result of a spill, and it is therefore, unlikely that the unplanned release of hydrocarbons would affect nearshore livelihood activities (tourism/ fishing) or coastal communities. The potential impacts associated with an unplanned event are explained in Chapter 8 of the EIA, together with mitigation measures which will be put into place in the event of an accidental spill.	Njengoba umsebenzi wokumba uzokwenzeka ebangeni eliqhele ngama-60km ukusuka ogwini, ukuya kwabantu olwandle, ezokuvakasha kanye nokudayisa ngeke kuphazamiseke ngaphansi kwezimo ezivamile.  Ingozi yokuba uwoyela (okubandakanya uwoyela ongahluziwe, udizili kanye nolunye uketshezi olungewona amanzi oluba semigodini embiwayoyi) uchithekele olwandle iyinto eyingxenywe yemisebenzi yokuhlola ukutholakala kukawoyela eyenziwa olwandle neminye imisebenzi ehlobene nakho. Imiphumela yoMbiko Obonisa Ukuchitheka Kukawoyela (Oil Spill Modelling Report) owawudingeka njengengxenywe ye-EIA, ubonisa ukuthi akukungako (>100 g/m2) ukuchitheka kukawoyela okufinyelela ogwini, futhi ngenxa yalokho, akubonakali kunokukhishwa kukawoyela negesi okungachaphazela ukuphila okuqhubeka ogwini (ezokuvakasha/ ukudoba) noma imiphakathi ehlanga ezindaweni ezigudle ugu. Amachaphazelo angase abe khona ahlobene nezenzakalo ezingahleliwe achazwe kuSahluko 8 se-EIA, kanye nezinyathelo zokulawula lowo monakalo eziqhelelwa uma kwenzeka kuba nokuchitheka okwenzeka ngengozi.
Nozipho	Sikhakhane	How were you informed about this oil and gas exploration activity? I got this information from people around because those responsible for this project never came to the community to explain to us why this project is necessary.	Ngabe uluthole kanjani lolu lwazi mayelana nokumbiwa noma ukumuncwa ko oyela olwandle? Olulwazi ulwazi ngilithole ngabantu belinu musha kodwa ngokwabesinguli balokhu abakazebeze abantwana usinika nokusiqondisa ukuthi lokhu bakwenza ngobani	A comprehensive public participation Process was conducted to ensure that the public were notified and provided with an opportunity to participate in the process. Advertisements were placed in newspapers throughout the process to inform communities about the project and to provide an opportunity for people to register to receive updates on the proposed drilling.  During the Scoping Phase total of three Public engagement meetings were held in the following locations: • Richards Bay (The Richards Hotel) – 6 February 2018 • Durban (Tropicana Hotel) - 7 February 2018; and • Port Shepstone (Port Shepstone Country Club) – 8 February 2018.  An additional (fourth) follow up meeting was held, upon request of the South Durban Community Environmental Alliance (SDCEA) on 28 February 2018 at the Austerville Community Hall with the presence of isiZulu language translator.  Open house meetings were held during the EIA phase comment period, in order to communicate the findings of the EIA process to stakeholders. Open House meetings were held as follows: • The Boardwalk Hotel in Port Elizabeth - 03 October 2018; • The Beach Hotel in East London - 04 October 2018; • The Premier Inn Hotel in Richards Bay - 08 October 2018, • Gooderson Tropicana Hotel in Durban - 09 October 2018, and • Venture Inn Hotel in Port Shepstone - 10 October 2018  As requested at the Scoping Phase meetings, three isiZulu translators were present at meetings in KZN during the EIA phase public meetings. An isiXhosa translator was present at the meetings in the Eastern Cape.	Kwenziwa inqubo yokubandakanywa komphakathi ebanzi ukuze kuqinisekwe ukuthi umphakathi uyabikelwa futhi unikwa ithuba lokuveza uvo lwawo kule nqubo. Kwafakwa izikhangiso emaphephandabeni phakathi naso sonke isikhathi senqubo ukuze kwaziswe imiphakathi ngalo msebenzi nokuba kunikezwe abantu ithuba lokubhalisa ukuze bathole ulwazi lwakamava ngomsebenzi wokumba ohlongozwayo.  Phakathi neSigaba Sokuhlola kwaba nemihlangano emithathu yoMphakathi isiyonke eyabanjwa kulezi zindawo ezilandelayo: • ERichards Bay (The Richards Hotel) – ngomhlaka-6 February 2018 • EThekwini (Tropicana Hotel) - ngomhlaka-7 February 2018; and • EPort Shepstone (Port Shepstone Country Club) – ngomhlaka-8 February 2018.  Kwaphinda kwaba nomhlangano (wesine) wokulandelela owaba khona ngenxa yesicelo esafakwa yiSouth Durban Community Environmental Alliance (SDCEA) ngomhlaka-28 February 2018 eHloko Lomphakathi lase-Austerville lapho kwakukhona khona utolika wesiZulu.  Kwaba nomhlangano ochaza kabanzi ngalo msebenzi phakathi nesikhathi sokuphawula se-EIA, ukuze kubikwe ngalokho okwatholwa yinqubo ye-EIA ezinhlanganweni nasemphakathini. Lo mhlango ochaza kabanzi waba kulezi zindawo ezilandelayo: • EBoardwalk Hotel ePort Elizabeth – ngomhlaka-03 October 2018; • E-The Beach Hotel e-East London - ngomhlaka-04 October 2018; • E-The Premier Inn Hotel eRichards Bay - ngomhlaka-08 October 2018, • E-Gooderson Tropicana Hotel eThekwini - ngomhlaka-09 October 2018, and • EVenture Inn Hotel ePort Shepstone - ngomhlaka-10 October 2018
Nozipho	Sikhakhane	General Comments? My word is they must not go ahead with this proposed project because this will rob us of our livelihood, just as it happened with gold that is mined and exported to other countries only to imported again and very expensive. The same will be true with this oil, it will be extracted here and taken to other places to be prepared for use and then become expensive just like petrol, no, this is rubbish.	Usugoqa nje uthini umbono wakho? Cha mina ngithi abayyiyeke lento ngoba kunalokho bazasiphuca isihawu emlonjeni, njengoba kwenzeka ngegoline limbila lihambe liyohluzwa libuye selibizela thina, nalp oyela uzombiwa lana bese uyohluzelwa kwezinye izindawo bese ubiza nje ngo phethiloli, ithini likho cha udoti lo	It is important to note that this project relates to exploration activities and no resources will be extracted for commercial use at this stage. As part of Eni's standards on the management of socio-economic impacts, if the case is determined that the project will have impacts on fishing activities, a procedure is followed to evaluate the socio-economic impact. This process follows International guidelines (IFC Guidance on Addressing Project Impacts on Fishing-based livelihoods; WBG Performance Standards on Environmental and Social Sustainability, 2012), in addition to Eni's own, worldwide standards. These standards provide a methodology for the determination of the compensation, or 'disturbance allowance', due to potential impacts on fisheries. The disturbance allowance is based on the identification of who will be impacted by the Project activities, and the level of loss or 'disturbance' they will experience.  Since Project activities will take place 60km offshore, beach accessibility, tourism and local trade will not be affected under normal operating conditions.  Exploration success would result in long-term benefits for South Africa, such as access to new energy sources, improved security of supply, in-country investments in a development project (including job creation), increased government revenues, contribution to economic growth and reduced dependence on the importation of hydrocarbons. The outlook would be substantially different if a commercial discovery was made, whereby infrastructure would need to be developed to support productions activities. Such employment opportunities can be provided with appropriate training and are not limited to technical positions. Please note, all isiZulu comments received will be responded to by 17 January 2018.	Njengoba kwakuceliwe emihlanganweni yeSigaba Sokuhlola, kwaba khona otolika besiZulu abathathu emihlanganweni eKZN kwalezi zinto ngenjongo yokuba zidayiswe okwamanje. Njengengxenywe yemithetho-migomo ye-Eni ekulawulweni kokuchaphazeleka kwezenhlalo nezomnotho, uma kutholakala ukuthi umsebenzi uyayichaphazela imisebenzi yokudoba, kulandelwa inqubo yokuhlola izinga lokuchaphazeleka kwezenhlalo nezomnotho. Le nqubo isekelwa eziqondisweni zomhlaba wonke (Iziqondiso ze-IFC Zokusingathwa Kwamagalelo Emisebenzi eyenziwayo kulabo abaziphilisa ngokudoba; iZimiso Zokusebenza zeWBG Kwezemvelo kanye Nokulondolozwa Kwezenhlalo, zango-2012), ukwenezela ezimisweni ezisebenza emhlabeni kabanzi zakwa-Eni. Lezi zimiso zihlinzeka ngenqubo esetshenziswayo ukunquma isinxephezelo, noma 'isibonelelo sokuphazamiseka', ngenxa yamachaphazelo azotholwa imikhumbi edobayo. Isibonelelo sokuphazamiseka sisekelwe ekutholeni ukuthi ubani ozophazanyiswa umsebenzi wokumba, izinga lokulahlekelwa kwakhe noma 'lokuphazamiseka' azobhekana nalo.  Njengoba imisebenzi yokumba izokwenziwa ebangeni elingama-60km phakathi olwandle uma usuka ogwini, ukuya kwabantu ebhishi, ezokuvakasha kanye nokudayisa ngeke kuphazamiseke ngaphansi kwezimo ezivamile zokusebenza.  Ukuphumelela kokuhlolwa kuyoholela ezinzuzweni ezinkulu nezizohlala isikhathi eside eNingizimu Afrika, njengokuba nemithombo emisha yezamanda, ukuthuthukiswa kokuphepha kwezinto ezidingekayo, ukutshalwa kwezimali kuleli zwe ngenxa yalo msebenzi (kuhlanganise nokudaleka kwamathuba emisebenzi), ukwanda kwemali kuhulumeni, ukukhula komnotho wakuleli kanye nokwehla kwezinga lokuthenga uwoyela kwamanye amazwe. Isimo siyohluka kakhulu uma kutholakala ukuthi kunowoyela negesi eningi okudingeka kumbiwe, okuyokwenza ukuba kudingeke kwakhiwe izingqalasizinda ukuze kusekelwe lo msebenzi wokumbiwa kukawoyela negesi oyobe usiqhubeka ngogugcwele. Lawo mathuba emisebenzi ayovuleka lapho ayohambisana nokuqeqeshwa kwabantu ukuze bakhulomele ukusebenza futhi kuyoba neminingi engadingi ulwazi lobuchwepheshe.

Name	Surname	Comment	Ukuphawula	Response	Izimpendulo (Translated Response)
Sabelo A.	Mzileni	How will this oil and gas exploration affect my livelihood/recreational activities/general use of the beach? Things will be bad when it comes to health because of the air we breathe. Most of the air we breathe comes from the ocean. The rich heritage that we have will be destroyed because of oil spills and gas. Tourism, hotels and restaurants near the sea will retrench workers if the tourists no longer come to visit the sea.	Ngabe lolu hlelo lokumbiwa kuka oyela ne gas olwandle kuzosithinta kanjani isimo senhlalo/izinto ezingamagugu/nokusentshenziswa nje kwezindawo zokungceleka ngokujwayelekile? Isimo senhlalo sizobe sibi kakhulu ngenxa yokungcola komoya esiwu phefumulayo. Omncane wiwithola olwandle. Ingebebo namata-gugu abantu azofa ngenxa yama oil spills and gas ezokuvakasha - Hotels and Restuarants akhe ngaso lwandle azodiliza abasebenzi uma izivakahsi zingasafiki ngoba zisuke zizojabula olwandle.	Project activities will take place 60 km offshore, and the drillship will not be visible from the shore. The tourism industry will not be affected by the exploration drilling under normal conditions. It is important to note that air is not produced by the ocean. The potential effects from air emissions is minor and would not directly affect the health of residents as the location of the drillship will be approximately 60km away from the shore.  The main sources of atmospheric emissions will be from the drillship and other vessels (i.e. supply and standby vessels) involved in the drilling operation. under normal operating conditions, the emissions will not affect breathing quality. . The principal expected atmospheric emissions from the drilling activities include carbon dioxide (CO2), methane (CH4), oxides of nitrogen (NOx), sulphur dioxide (SO2), carbon monoxide (CO) and volatile organic compounds (VOC). Many of these compounds are known to have the potential to contribute to a number of environmental processes and impacts including acidification (acid rain), the formation of low level ozone, and local air pollution. The client has committed to the following inbuilt compliance and control measures: • Compliance to MARPOL 73/78 Annex VI regulations regarding the reduction of NOx, SOx and GHG emissions from vessel engines. • All diesel motors and generators will undergo routine inspections and receive adequate maintenance to minimise soot and unburnt diesel released to the atmosphere. • Leak detection and repair programmes will be implemented for valves, flanges, fittings, seals, etc. The risk of an oil spill (including crude oil, diesel and Non-aqueous drilling fluid retained on cuttings) into the marine environment is inherent in all offshore oil exploration and appraisal projects. The results of the Oil Spill Modelling Report commissioned as part of the EIA, indicate that no significant (>100 g/m2) shoreline oiling would occur as result of a spill, and it is therefore, unlikely that the unplanned release of hydrocarbons would affect nearshore livelihood activities (tourism/ fishing) or coastal communities. The potential impacts associated with an unplanned event are explained in Chapter 8 of the EIA, together with mitigation measures which will be put into place in the event of an accidental spill.	Umsebenzi uzokwenziwa ebangeni elingamakhilomitha angu-60 ukusuka ogwini lolwandle, futhi umkhumbi ombayo ngeke ubonakale uma uwoyweni. Ezokuvakasha ngeke zichaphazeleke ngenxa yokumba kokuhlolwa kwezimbiwa phansi ngaphansi kokusebenza okuvamile. Kubalulekile ukukhumbula ukuthi ulwandle aluwukhiphi umoya esiwuphefumulayo. Amachaphazelo okukhishwa kwamagesi emkhunjini ombayo mancane kakhulu futhi ngeke ayilimaze nancane implo yezakhamuzi ngenxa yebanga oqhele ngalo umkhumbi ombayo elingamakhilomitha angaba ngu-60 ukusuka ogwini.  Okuningi okuzokhishelwa emkhathini njengentuthu kuzobe kuphuma emikhunjini embayo nakweminye imikhumbi esekelayo (i.e. imikhumbi eletha izidingo neminye ebheke isimo esiphakamayoy) ehileleke ekumbeni. Amagesi azokhishelwe emkhathini alindelekile ngenxa yomsebenzi wokumba ahlanganisa isikhutha noma i-carbon dioxide (CO2), i-methane (CH4), i-oxides of nitrogen (NOx), i-sulphur dioxide (SO2), i-carbon monoxide (CO) kanye ne-volatile organic compounds (VOC). Okuningi kwalokhu kunedumela lokuthi kunendima okuyidlalayo ezinqubweni zezemvelo futhi amagalelo ako abandakanya imvula ebizwa ngokuthi yi-acid rain, ukulimala kwe-ozone kanye nokungcola komoya endaweni. Ikhasimende lizibophezele ekuhambisaneni nezibopho nezinyathelo zokulawula ezilandelayo: • Ukuthobela iMARPOL 73/78 iSithasiselo VI semithetho ephathelene nokunciphisa i-NOx, i-SOx kanye ne-GHG ekhishelwa emoyeni ikhishwa yizinjini zemikhumbi; • Zonke izinjini zikadizili kanye nama-generator kuzohlolwa njalo futhi kuginwe kusesimweni esihle ukuze kuncishishwe ukungcola ezikukhiphela emoyeni kanye nodizili ongashanga kahle; • Kuzoba nezinhlelo zokuhlola ukuvuza nokuvalwa kwezindawo ezivuzayo kuma-valve, amajoyinti, izinto ezixhunyiwe, izivalo nokunye. Ingozi yokuba uwoyela (okubandakanya uwoyela ongahluziwe, udizili kanye nolunye uketshezi olungewona amanzi oluba semigodini embiwayoy) uchithekele olwandle iyinto eyingxenywe yemisebenzi yokuhlola ukutholakala kukawoyela eyenziwa olwandle neminye imisebenzi ehlobene nakho. Imiphumela yoMbiko Obonisa Ukuchitheka Kukawoyela (Oil Spill Modelling Report) owawudingeka njengengxenywe ye-EIA, ubonisa ukuthi akukungako (>100 g/m2) ukuchitheka kukawoyela okufinyelela ogwini, futhi ngenxa yalokho, akubonakali kunokukhishwa kukawoyela negesi okungachaphazela ukuphila okuqhubeka ogwini (ezokuvakasha/ ukudoba) noma imiphakathi ehkala ezindaweni ezigudle ugu. Amachaphazelo angase abe khona ahlobene nezenzakalo ezingahleliwe achazwe kuSahluko 8 se-EIA, kanye nezinyathelo zokulawula lowo monakalo ezizohlelwa uma kwenzeka kuba nokuchitheka okwenzeka ngengozi.
Sabelo A.	Mzileni	How will this oil and gas exploration affect my community? Our community- especially the young adults work with tourism, now the air and sea pollutions will disrupt tourism in the area. Besides, as a community we also use the sea to perform some of our customs, rituals and cleansing. Animal life and plants will be affected, we support ourselves through fishing, now the fish will die, and what are we to eat then?	Ngabe lolu hlelo lokumbiwa kuka oyela ne gas kuzowuthinta kanjani umphakathi wami? Umphakathi wethu - intsha kakhulu isebenza kwezovakasha. Ukungcola komoya, nolwandle kuphazamisa itourism emphakathini. Kanti siwuphakathi sisebenzisa ulwandle uma senza amasiko (rituals and cleansing). izilwane nezinhlanhla esizisebenzisayo futhi siphila ngokudoba ofishi bazofa bonke - sizodlani?	Refer to the answer above. In addition, the potential effects of the proposed drilling activities associated with exploration on the marine environment have been assessed through a marine ecology study undertaken by an independent specialist from Pisces Environmental Services, while the effect on Fisheries was assessed through a fisheries specialist study undertaken by Capp Marine. The potential impact on the marine environment and fisheries is presented in Chapter 7 of the EIA Report. Most of the potential impacts assessed have a Moderate to Negligible residual significance.  Fishing activities will only be temporarily restricted by a 500 m exclusion zone around the drillship. The only commercial fishery that overlaps with the drilling areas of interest is the pelagic longline fishery. Affected stakeholders will be notified of the location, duration and timing of drilling activities. Subsistence fishers who operate closer to the coast line will not interact with the drillship, and under normal operating conditions the project will not have any bearing on these fishing activities (refer to Chapter 7 of the EIA).  As part of Eni's standards on the management of socio-economic impacts, if the case is determined that the project will have impacts on fishing activities, a procedure is followed to evaluate the socio-economic impact. This process follows International guidelines (IFC Guidance on Addressing Project Impacts on Fishing-based livelihoods; WBG Performance Standards on Environmental and Social Sustainability, 2012), in addition to Eni's own, worldwide standards. These standards provide a methodology for the determination of the compensation, or 'disturbance allowance', due to potential impacts on fisheries. The disturbance allowance is based on the identification of who will be impacted by the Project activities, and the level of loss or 'disturbance' they will experience.	Bheka impendulo engenhla. Ukwenezela kulokho, zinto ezingaba amachaphazelo okumba kulo msebenzi ohlongozwayo ophathelene nokuhlolwa kokumbiwa phansi nendlela imvelo yasolwandle ezothinteka ngayo kuye kwahlolisiswa ngocwaningo lwezinto eziphila olwandle okwenziwa uchwepheshe ozimele ovela kwa-Pisces Environmental Services, kanti ukuchaphazeleka kweezokudoba kona kwahlolwa uchwepheshe wezokudoba wakwaCapp Marine. Amagalelo angase abe khona ezintweni eziphila olwandle kanye nasemikhunjini yokudoba kukhululwa ngawo kuSahluko 7 soMbiko we-EIA. Amaningi amagalelo noma amachaphazelo ahloliwe asesilinganisweni esiphansi noma awubala kakhulu.  Imisebenzi yokudoba okwesikhashana izobekelwe imingcele yokuba ingenziwa ebangeni elisondela ngamamitha angu-500 emkhunjini wokumba. Ukuphela kwemikhumbi yokudoba edlulela ngale kwezindawo okuhloswe ukuba kumbiwe kuzo eyezinkampani ezinkulu ezidoba ngamanetha phakathi olwandle. Izinkampani ezithintekayo zizobikelwa ngendawo okumbiwa kuyo, isikhathi umsebenzi wokumba ozosithatha nokuthi kuzimbiwa ngaziphi izikhathi. Abanye abadobi abasebenzela eduze kogu ngeke basondelane nomkhumbi wokumba, futhi ngaphansi kwezimo ezivamile zokusebenza lo msebenzi wokumba ngeke uyithikameze nhlobo imisebenzi yokudoba (bheka iSahluko 7 se-EIA).
Sabelo A.	Mzileni	Do you think that oil and gas exploration will benefit me or my community? Why? We are not going to benefit anything, this thing is just going to cause poverty to people at the coast, mostly black people. What will occur here is just sickness and death.	Ucabanga ukuthi mina noma umphakathi wami uzozuza ngalolu hlelo? Kungani? Akukho nokuncane esizozuza ngalento kuphela izohlupekisa abantu abakhelene ugu. Okunabantu abamnyama kakhulu. Into ezokwenzeka ukugqula nokufa kwethu.	The Project will not have impacts on the health of coastal communities, for reasons outline in the responses above. Exploration success would result in long-term benefits for South Africa, such as access to new energy sources, improved security of supply, in-country investments in a development project (including job creation), increased government revenues, contribution to economic growth and reduced dependence on the importation of hydrocarbons.	Umsebenzi ohlongozwayo ngeke uyichaphazele impilo yezakhamuzi ezihlala ogwini, ngenxa yezizathu eziphawulwe ngenhla. Imiphumela emihle eyotholakala kulokhu kuhlola iyoholela ezinzuzweni ezinkulu nezizohlala isikhathi eside eNingizimu Afrika, njengokuba nemithombo emisha yezamandla, ukuthuthukiswa kokuphepha kwezinto ezidingekayo, ukutshalwa kwezimali kuleli zwe ngenxa yalo msebenzi (kuhlanganise nokudaleka kwamathuba emisebenzi), ukwanda kwemali kuhulumeni, ukukhula komngotho wakuleli kanye nokwehla kwezinga lokuthenga uwoyela kwamanye amazwe.
Sabelo A.	Mzileni	How were you informed about this oil and gas exploration activity? We heard from Non-governmental organizations (NGO and NPO) because the people that want to do this mining deliberately don't try to communicate and consult with us. These people are tyrants.	Ngabe uluthole kanjani lolu lwazi mayelana nokumbiwa noma ukumuncwa ko oyela olwandle? Siliuthola ngemithombo zenhlango ezizimele (NGO and NPO) ngoba labantu abafuna lezimayini abaxhumani nathi benza ngenkani (communication and consultation)Ondlovu - kayiphikiswana	A comprehensive public participation Process was conducted to ensure that the public were notified and provided with an opportunity to participate in the process. Advertisements were placed in newspapers throughout the process to inform communities about the project and to provide an opportunity for people to register to receive updates on the proposed drilling. The advertisements were published in the following newspapers: English Adverts were published in: • The Daily Dispatch in East London; • The South Coast Herald in Port Shepstone; • The Herald in Port Elizabeth; • The Mercury in Durban and • The Zululand Observer in Richards Bay.  isiZulu adverts were published in: • Ilanga and • Isolezwe  An isiXhosa advert was published in: • Pondo News in Eastern Cape sms notifications were also sent to individuals who have registered as an interested and affected party.  During the Scoping Phase total of three Public engagement meetings were held in the following locations: • Richards Bay (The Richards Hotel) – 6 February 2018 • Durban (Tropicana Hotel) - 7 February 2018; and • Port Shepstone (Port Shepstone Country Club) – 8 February 2018.  An additional (fourth) follow up meeting was held, upon request of the South Durban Community Environmental Alliance (SDCEA) on 28 February 2018 at the Austerville Community Hall with the presence of isiZulu language translator. Open house meetings were held during the EIA phase comment period, in order to communicate the findings of the EIA process to stakeholders. Open House meetings were held as follows: • The Boardwalk Hotel in Port Elizabeth - 03 October 2018; • The Beach Hotel in East London - 04 October 2018; • The Premier Inn Hotel in Richards Bay - 08 October 2018, • Gooderson Tropicana Hotel in Durban - 09 October 2018, and • Venture Inn Hotel in Port Shepstone - 10 October 2018 As requested at the Scoping Phase meetings, three isiZulu translators were present at meetings in KZN during the EIA phase public meetings. An isiXhosa translator was present at the meetings in the Eastern Cape.	Kwaba neNqubo ebanzi yokubandakanya umphakathi ukuze kuqinisekwe ukuthi uyazi futhi uhlinzekwa ngethuba lokubamba iqhaza kule nqubo. Kwafakwa izikhangiso emaphephandabeni phakathi naso sonke isikhathi senqubo ukuze kwaziswe izinhlangano ngalo msebenzi nokuba kunikezwe abantu ithuba lokubhalisa ukuze bathole ulwazi lwakamuva ngokumba okuhlongozwayo. Izikhangiso zafakwa emaphephandabeni alandelayo: Izikhangiso zesiNgesi zashicilelwa kula maphepha: • I-The Daily Dispatch yase-East London; • I-The South Coast Herald yasePort Shepstone; • I-The Herald yasePort Elizabeth; • I-The Mercury yaseThekwini kanye • Ne-The Zululand Observer yaseRichards Bay.  Izikhangiso zesiZulu zashicilelwa kula maphephandaba: • Ilanga kanye • Isolezwe  Isikhangiso sesiXhosa sashicilelwa kuleli phephandaba: • I-Pondo News yase-Eastern Cape Kwathunyelwa nezaziso ngama-SMS kubantu ababehalilise ukuthi bangafisa ukubikelwa nakulabo abathintekayo ukuze babikelwe.  Phakathi neSigaba Sokuhlola kwaba nemihlangano emithathu yoMphakathi isiyonke eyabanjwa kulezi zindawo ezilandelayo: • ERichards Bay (The Richards Hotel) – ngomhla-6 February 2018 • EThekwini (Tropicana Hotel) - ngomhla-7 February 2018; and • EPort Shepstone (Port Shepstone Country Club) – ngomhla-8 February 2018. Kwaphinda kwaba nomhlangano (wesine) wokulandelela owaba khona ngenxa yesicelo esafakwa yiSouth Durban Community Environmental Alliance (SDCEA) ngomhla-28 February 2018 eHolo Lomphakathi lase-Austerville lapho kwakukhona khona utolika wesiZulu. Kwaba nomhlangano ochaza kabanzi ngalo msebenzi phakathi nesikhathi sokuphawula se-EIA, ukuze kubikwe ngalokho okwatholwa yinqubo ye-EIA ezinhlanganweni nasemphakathini. Lo mhlangano ochaza kabanzi waba kulezi zindawo ezilandelayo: • EBoardwalk Hotel ePort Elizabeth – ngomhla-03 October 2018; • E-The Beach Hotel e-East London - ngomhla-04 October 2018; • E-The Premier Inn Hotel eRichards Bay - ngomhla-08 October 2018, • E-Gooderson Tropicana Hotel eThekwini - ngomhla-09 October 2018, and • EVenture Inn Hotel ePort Shepstone - ngomhla-10 October 2018



Name	Surname	Comment	Ukuphawula	Response	Izimpendulo (Translated Response)
Sabelo A.	Mzileni	General Comments? Government does not care about living conditions of the people. Poverty will increase greatly, this government must be changed now. We are troubled by what happened in Wetland park, and now they are going to destroy our wealth in the sea. Gold and diamond is being exported to overseas, petrol prices keep on rising but the government is not able to assist the people.	Usugoga nje uthini umbono wakho? Lomuntu ozibiza ngohulumeni akanandaba nenhlalo yabantu. Izinga lobumba lizokwenyuka kakhulu. Sekumfanele ukuba asithwe lohulumeni. Sihlushwa kahulu sismangaliso wetland park nakithi manje usuzobulala umlebo wethu olwandle, igolide, idayimane kuya phesheya. UPetrol unyuka njalo kodwa uyehluleka ukulimisa okuzosiza abantu	Government, through Operation Phakisa, is seeking to grow the country's ocean economy through several industrial sectors, including the promotion of the oil and gas sector.  There are negligible social benefits associated with the project due to the limited duration of exploration drilling activities. Exploration success, however, would result in long-term benefits for South Africa, such as access to new energy sources, improved security of supply, in-country investments in a development project (including job creation), increased government revenues, contribution to economic growth and reduced dependence on the importation of hydrocarbons.  Please note, all isiZulu comments received will be responded to by 17 January 2018.	Uhulumeni, esebenzisa uhlelo lwe-Operation Phakisa, uhlo+J2se ukukhulisa umnotho wakuleli otholakala olwandle esebenzisa izimbongi ezihlukahlukene, okubandakanya ukuthuthukiswa kwemboni yokumbiwa kukawoyela negesi. Kunezinzuzo ezingatheni kwezenhlalo ezihlobene nomsebenzi wokumba ngenxa yokuthi isikhathi sokuhlolwa kukawoyela negesi sizoba sincane kakhulu. Nokho, imiphumela emihle eyotholakala kulokhu kuhlola ingase iholele ezinzuzweni eziyohlala isikhathi eside eNingizimu Afrika, njengokuba nemithombo emisha yezamandla, ukuthuthukiswa kokuphepha kwezinto ezidingekayo, ukutshalwa kwezimali kuleli zwe ngenxa yalo msebenzi (kuhlanganise nokudaleka kwamathuba emisebenzi), ukwanda kwemali kuhulumeni, ukukhula komnotho wakuleli kanye nokwehla kwezinga lokuthenga uwoyela kwamanye amazwe.  Sicela uphawule, konke ukuphawula kwesiZulu okutholakele kuzobe sekuphenduliwe ngomhla-17 January 2018.
Samkelo	Ntombela	How will this oil and gas exploration affect my livelihood/recreational activities/general use of the beach? The national heritage found in the ocean, people will no longer see it because it will be destroyed. The next generation will never get the opportunity to see this beauty with their own eyes, we are very concerned about drilling wells in the ocean.	Ngabe lolu hlelo lokumbiwa kuka oyela ne gas olwandle kuzosithinta kanjani isimo senhlalo/izinto ezingamagugu/nokusentshenziswa nje kwezindawo zokungceleka ngokujwayelekile? Ngikhuluma ngezindawo ezingama gugu ezigciniwe olwandle okunenqwaba yabantu abangeke besazibona, ngoba ziyobe sezimoshakele. Isizukulwane esiza ngemuna angeke silithole ithuba lokubona lobuhle ngawabo amehlo, sidlulisa okukhulu ukukhathazeka mayelana nokumbiwa kolwandle.	Project activities will take place 60km offshore. The South African Heritage Resources Association (SAHRA), have been informed of the proposed drilling. A heritage impact assessment has been included in the EIA report and a screening of the ocean floor will occur prior to any drilling. Should any significant material be identified, SAHRA will be contacted immediately and the drilling will be relocate Fishing activities will only be temporarily restricted by a 500 m exclusion zone around the drillship. The only commercial fishery that overlaps with the drilling areas of interest is the pelagic longline fishery. Affected stakeholders will be notified of the location, duration and timing of drilling activities. Subsistence fishers who operate closer to the coast line will not interact with the drillship, and under normal operating conditions the project will not have any bearing on these fishing activities (refer to Chapter 7 of the EIA).  As part of Eni's standards on the management of socio-economic impacts, if the case is determined that the project will have impacts on fishing activities, a procedure is followed to evaluate the socio-economic impact. This process follows International guidelines (IFC Guidance on Addressing Project Impacts on Fishing-based livelihoods; WBG Performance Standards on Environmental and Social Sustainability, 2012), in addition to Eni's own, worldwide standards. These standards provide a methodology for the determination of the compensation, or 'disturbance allowance', due to potential impacts on fisheries. The disturbance allowance is based on the identification of who will be impacted by the Project activities, and the level of loss or 'disturbance' they will experience. Since Project will take place approximately 60km offshore, beach accessibility, tourism and local trade will not be affected under normal operating conditions.	Imisebenzi ehlobene nokumba kokuhlola izokwenziwa olwandle ebangeni eliqhele ngama-60km ukusuka ogwini. Inhlangothi Yezamagugu Esizwe yaseNingizimu Afrika ebizwa ngokuthi yiSouth African Heritage Resources Association (SAHRA), ibikelwe ngomsebenzi wokumba ohlongozwayo. Ukuhlolwa kokuchaphazeleka kwezamasiko kufakiwe embikweni we-EIA futhi ulwandle luzohlolwa ngaphambi kokuba kwenziwe noma yimuphi umsebenzi wokumba. Uma kwenzeka kuba nezinto ezibalulekile ezitholakalayo, kuzothintwa abakwaSAHRA ngokushesha futhi ukumba kuzothuthelwa kwenye indawo. Imisebenzi yokudoba okwesikhshana izobekelwe imingcele yokuba ingenziwe ebangeni elisondele ngamamitha angu-500 emkhunjini wokumba. Ukuphela kwemikhumbi yokudoba edlulela ngale kwezindawo okuhloswe ukuba kumbiwe kuzo eyezinkampani ezinkulu ezidoba ngamanetha phakathi olwandle. Izinkampani ezithintekayo zizobikelwa ngendawo okumbiwa kuyo, isikhathi umsebenzi wokumba ozosithatha nokuthi kuzimbiwa ngaziphi izikhathi. Abanye abadobi abasebenzela eduze kogu ngeke basondelane nomkhumbi wokumba, futhi ngaphansi kwezimo ezivamile zokusebenza lo msebenzi wokumba ngeke uyithikameze nhlobo imisebenzi yokudoba (bheka iSahluko 7 se-EIA).
Samkelo	Ntombela	How will this oil and gas exploration affect my community? My community will be affected in many ways as I have indicated that some people go the beach to chill and relax, others to swim. Other people go there to perform some religious ceremonies. All these people will be robbed of access to the sea.	Ngabe lolu hlelo lokumbiwa kuka oyela ne gas kuzowuthinta kanjani umphakathi wami? Umphakathi wami uzothinteka ngezidlela eziningi, njengoba sibala ukuthi kunabantu abaya olwandle ngoba beyozipholela abanye beyozibhukudela. Abanye baya ngokuyekweza izinto eziphathelele nama bandla abasuka kuwona, bonke labantu angeke besa lithola ithuba lokuthi bazibonele ngokwabo sekonakele	Please refer to response above, the Project activities will take place 60km offshore, the drillship will not be visible from the shore and it is not anticipated that the project will have any impact on tourism and beach accessibility under normal operating conditions.	Sicela ubheke impendulo engenhlal, uMsebenzi wokuhlola uzokwenziwa endaweni esolwandle eqhele ngama-60km ukusuka ogwini, umkhumbi ombayo ngeke ubonakale uma umuntu esogwini futhi akulindlekile ukuba lo msebenzi uphazamise ezokuvakasha nokuya kwabantu ebhishi ngaphansi kwezimo ezivamile zokwenziwa kwawo.
Samkelo	Ntombela	Do you think that oil and gas exploration will benefit me or my community? Why? No, I don't see anyone benefiting from this project except those who are close to these people.	Ucabanga ukuthi mina noma umphakathi wami uzozuza ngalolu hlelo? Kungani? Cha - Akekho engibona ukuthi uzo zuza kulolu hlelo ngaphandle kwalabo abasondelele nabo.	Given the project's focus on exploration only at this stage and the subsequent limited time frame, there will be limited employment opportunities associated with the project. Many of the employment positions are associated with highly technical work and require specific skills related to oil and gas, and the drillship will have its own crew.  Exploration success would result in long-term benefits for South Africa, such as access to new energy sources, improved security of supply, in-country investments in a development project (including job creation), increased government revenues, contribution to economic growth and reduced dependence on the importation of hydrocarbons.  The outlook would be substantially different if a commercial discovery was made, whereby infrastructure would need to be developed to support productions activities. Such employment opportunities can be provided with appropriate training and are not limited to technical positions.	Ngenxa yalokho umsebenzi ogxile kukho okwamanje kanye nesikhathi esincane ozokwenziwa ngaso, azoba mancane amathuba emisebenzi ahlobene nalo msebenzi wokumba kokuhlola. Imisebenzi eminingi okwamanje ihlobene nezinto ezidinga ulwazi lobunjiniyela futhi idinga abantu anolwazi oluthile ngowoyela negesi, kanti imikhumbi yokumba izofika nabasebenzi bayo.  Imiphumela emihle eyotholakala kulokhu kuhlola ingase iholele ezinzuzweni eziyohlala isikhathi eside eNingizimu Afrika, njengokuba nemithombo emisha yezamandla, ukuthuthukiswa kokuphepha kwezinto ezidingekayo, ukutshalwa kwezimali kuleli zwe ngenxa yalo msebenzi (kuhlanganise nokudaleka kwamathuba emisebenzi), ukwanda kwemali kuhulumeni, ukukhula komnotho wakuleli kanye nokwehla kwezinga lokuthenga uwoyela kwamanye amazwe.  Isimo siyohluka kakhulu uma kutholakala ukuthi kunowoyela negesi eningi okudingeka kumbiwe, okuyokwenza ukuba kudingeke kwakhiwe izingqalasisinda ukuze kusekelwe lo msebenzi wokumbiwa kukawoyela negesi oyobe usuqhubeka ngokugcwele. Lawo mathuba emisebenzi ayovuleka lapho ayohambisana nokuqeqeshwa kwabantu ukuze bakuhlomele ukusebenza futhi kuyoba neminingi engadingi ulwazi lobuchwepheshe.
Samkelo	Ntombela	How were you informed about this oil and gas exploration activity? From an organization that fight to conserve nature.	Ngabe uluthole kanjani lolu lwazi mayelana nokumbiwa noma ukumuncwa ko oyela olwandle? Kwinhlangothi elwela imvelo, nobhekelela ukuphepha kwe mvelo.	Noted. In line with the legislated requirements of the EIA public participation processes, advertisements were placed by the EAP (ERM) in newspapers throughout the process to inform stakeholders about the project and to provide an opportunity for people to register to receive updates throughout the EIA process. The advertisements were published in the following newspapers: English Adverts were published in: • The Daily Dispatch in East London; • The South Coast Herald in Port Shepstone; • The Herald in Port Elizabeth; • The Mercury in Durban and • The Zululand Observer in Richards Bay.  isiZulu adverts were published in: • Ilanga; and • Isolezwe.  An isiXhosa advert was published in: • Pondo News in Eastern Cape.	Siyakuzwa. Ngokuvumelana nezimfuno zomthethosisekelo wenqubo ye-EIA yokubamba iqhaza komphakathi, i-EAP (ERM) yafaka izikhangiso emaphephandabeni phakathi naso sonke isikhathi senqubo ukuze kwaziswe izihlangano ngalo msebenzi nokuba kunikezwe abantu ithuba lokubhalisa ukuze bathole ulwazi lwakamuva phakathi nayo yonke inqubo ye-EIA. Izikhangiso zafakwa emaphephandabeni alandelayo: Izikhangiso zesiNgisi zashicilelwa kula maphepha: • I-The Daily Dispatch yase-East London; • I-The South Coast Herald yasePort Shepstone; • I-The Herald yasePort Elizabeth; • I-The Mercury yaseThekwini kanye • Ne-The Zululand Observer yaseRichards Bay.  Izikhangiso zesiZulu zashicilelwa kula maphephandaba: • Ilanga kanye • Isolezwe  Isikhangiso sesiXhosa sashicilelwa kuleli phephandaba: • I-Pondo News yase-Eastern Cape.
Samkelo	Ntombela	General Comments? I have only one thing to say, they must stop this project they want to do in the offshore.	Usugoga nje uthini umbono wakho? Engizokusho kunye nje vo, ukuthi mabaluyeke ulwandle.	The need and desirability of the Project is discussed in Chapter 3 of this EIA. Please note, all isiZulu comments received will be responded to by 17 January 2018.	Isidingo nokufiseleka kokuba kwenziwe lo Msebenzi kuxoxwa ngako kuSahluko 3 se-EIA. Sicela uphawule, konke ukuphawula kwesiZulu okutholakele kuzobe sekuphenduliwe ngomhla-17 January 2018.



Name	Surname	Comment	Ukuphawula	Response	Izimpendulo (Translated Response)
Samson	Gumede	How will this oil and gas exploration affect my livelihood/recreational activities/general use of the beach? We will lose our freedom in our own place because there will be terms and conditions. There will be places where fishing will be prohibited.	Ngabe lolu hlelo lokumbiwa kuka oyela ne gas olwandle kuzosithinta kanjani isimo senhlalo/izinto ezingamagugu/nokusentshenziswa nje kwezindawo zokungceleka ngokujwayelekile? Ngeke sisakwazi ukuba nenkululeko ezindaweni zethu ngoba sekuzoba nemigomo nemibandela. Kunezindawo okuzothiwa akungadotshwa kuzo.	The location of the project is over 60 km offshore. The drillship will not be visible from the shore and it is not anticipated that the project will have any impact on tourism and beach accessibility under normal operating conditions. The potential effects of the proposed drilling activities associated with exploration on the marine environment have been assessed through a marine ecology study undertaken by an independent specialist from Pisces Environmental Services, while the effect on Fisheries was assessed through a fisheries specialist study undertaken by Capp Marine. The potential impact on the marine environment and fisheries is presented in Chapter 7 of the EIA Report. Most of the potential impacts assessed have a Moderate to Negligible residual significance.  As part of Eni's standards on the management of socio-economic impacts, if the case is determined that the project will have impacts on fishing activities, a procedure is followed to evaluate the socio-economic impact. This process follows International guidelines (IFC Guidance on Addressing Project Impacts on Fishing-based livelihoods; WBG Performance Standards on Environmental and Social Sustainability, 2012), in addition to Eni's own, worldwide standards. These standards provide a methodology for the determination of the compensation, or 'disturbance allowance', due to potential impacts on fisheries. The disturbance allowance is based on the identification of who will be impacted by the Project activities, and the level of loss or 'disturbance' they will experience.  Fishing activities will only be temporarily restricted by a 500 m exclusion zone around the drillship more than 60 km from the nearest coast. The only commercial fishery that overlaps with the drilling areas of interest is the pelagic longline fishery. Affected stakeholders will be notified of the location, duration and timing of drilling activities. Subsistence fishers who operate closer to the coast line will not interact with the drillship, and under normal operating conditions the project will not have any bearing on these fishing activities (refer to Chapter 7 of the EIA).	Indawo yomsebenzi izoba sebangeni elingaphezu kwama-60 km ukusuka ogwini. Umkhumbi ombayo ngeke ubonakale uma usogwini futhi akulindelekile ukuba uchaphazele ezokuvakasha kanye nokuya kwabantu ebhishi ngaphansi kwezimo zokusebenza ezivamile. Izinto ezingaba amachaphezelo okumba kulo msebenzi ohlongozwayo ophathelene nokuhlolwa kokumbiwa phansi nendlela imvelo yasolwandle ezothinteka ngayo kuye kwahloliswa ngocwaningo lwezinto eziphila olwandle okwenziwa uchwepheshe ozimele ovela kwa-Pisces Environmental Services, kanti ukuchaphazeleka kwezokudoba kona kwahlolwa uchwepheshe wezokudoba wakwaCapp Marine. Amagalelo angase abe khona ezintweni eziphila olwandle kanye nasemikhunjini yokudoba kukhululwa ngawo kuSahluko 7 soMbiko we-EIA. Amaningi amagalelo noma amachaphezelo ahlolwe asesilinganisweni esiphansi noma awubala kakhulu.  Njengengxenye yemithetho-migomo ye-Eni ekulawulweni kokuchaphazeleka kwezenhlalo nezomnotho, uma kutholakala ukuthi umsebenzi uyayichaphazela imisebenzi yokudoba, kulandelwa inqubo yokuhlola izinga lokuchaphazeleka kwezenhlalo nezomnotho. Le nqubo isekelwa eziqondisweni zomhlaba wonke (Iziqondiso ze-IFC Zokusingathwa Kwamagalelo Emisebenzi eyenziwayo kulabo abaziphilisa ngokudoba; iZimiso Zokusebenza zeWBG Kwezemvelo kanye Nokulondolozwa Kwezenhlalo, zango-2012), ukwenezela ezimisweni ezisebenza emhlabeni kabanzi zakwa-Eni. Lezi zimiso zihlinzeka ngenqubo esetshenziswayo ukunquma isinxephezelo, noma 'isibonelelo sokuphazamiseka', ngenxa yamachaphezelo azotholwa imikhumbi edobayo. Isibonelelo sokuphazamiseka sisekelwe ekutholeni ukuthi ubani ozophazanyiswa umsebenzi wokumba, izinga lokulahlekelwa kwake noma 'lokuphazamiseka' azobhekana nalo.  Ukudoba kuzobekelwa imingcele okwesikhashana yokuba kungenziwa ebangeni elisondele ngamamitha angu-500 emkhunjini wokumba, ozobe usebangeni elingama-60km ukusuka ogwini. Ukuphela kwemikhumbi yokudoba edlulela ngale kwezindawo okuhloswe ukuba kumbiwe kuzo eyezinkampani ezinkulu ezidoba ngamanatha phakathi olwandle. Izinkampani ezithintekayo zizobikelwa ngendawo okumbiwa kuyo, isikhathi umsebenzi wokumba ozosithatha nokuthi kuzombiwa ngaziphi izikhathi. Abanye abadobi abasebenzela eduze kogu ngeke basondelane nomkhumbi wokumba, futhi ngaphansi kwezimo ezivamile zokusebenza lo msebenzi wokumba ngeke uyithikameze nhlobo imisebenzi yokudoba (bheka iSahluko 7 se-EIA).
